Isifundo seSikole seSonto.

Esesitupa: February 10.

UJESU EKETA ABAYISHUMI NAMBILI. MARK 3:7-35.

ISITATELO:—"Wamisa abayishumi nambili, ukuba bahambe naye nokuba abatume bayoshumayela. Mak. 3-14.

Amanye amavesi awotisha: Matt. 10:1-4, Luk. 6:12-10 Joh. 14:12-27.

Indikimba yalesisifundo iye ikaule kupela ngevesi le 19.

7-12 Lamavesi njengasesahlukweni sokuqala abonisa ukutandeka okukulu kukaJesu esaqalisa ukushumayela kwake. Abantu babeza kuye bevela kulo lonke elasePalestina malungana nolwandhle nangapesheya kweJordan, "lapo bezwa izinto ezinkulu azenzayo" (8) babekangwa yizimangaliso zake azenzayo. Impela uma kungavela umuntu ndawotile kwaZulu ongahle enze izimangaliso ezinjengezazenziwa nguJesu kungaya izinyokoto zabantu zivela kulo lonke elaseNatal ngisho bezauhamba ngezinyawo. (9) Waze wabona kufanele ukuba angene emkunjini ukuba azivikele. Kwakuza izixuku eziningi kuye ngangoba kwase kukona ingozi yokuba uzanvinjezelwa yizixuku ukuba angabe esapuma. Ngako ukuba azivikele wacela ukuba angene emkunjini lapo isinyokoto singefinyelelę kona kuye. Loku kuzomnika ituba lokuba akululeke ukushumayela kubantu indaba enhle yombuso engacindezelwa yizihlobo zabagulayo beti mazisindise. 10-12 Evesini 10 kuyabonakala ukuti babeloku bemkandanisile. Akumangalisi ukubona amandhla amangalisayo uJesu ayenawo pezu kwemimoya emibi? Lapa silandiswa ukuti "imimoya emibi lapo imbona yawa pansi pambi kwake." Akusho ukuti lapo esho yapuma kepa yab'inele ukumbona nje. UJesu waecocekile engewele egcwele okobaNkulunkulu ukuba imimoya emibi yab'ingenakukumela ngisho ukumbuka, sona isiqu sakenje sasibahlula batobe pambi kwake. Yek'isifundo simangalisa lesi! Uma sihlala eduze kukaJesu, sihlalel'ukuba izimpilo zetu zibonakalise yena ngeke sibe yiloku sikatazwa yimimoya emibi.

Icala kitina yikuba sinengcozana kakulu kaJesu woqobo ezimpilweni zetu ibese imimoya emibi ingabi naluvalo ihlale isilinga isikataza. Asihlezi ngokutula siba netwetwe ngezinto eziningi, siwele ezilingweni eziningi, ngenxa yokuba imimoya emibi ihlala indiza pezu kwetu sonke isikati njengamazubazondi ebhoza esibaneni kusihlwa. Lapa ilanga selipuma kusasa izimbuzane azibe zisabako ngoba azinako ukumelana nokubalela kwemini. Imimoya emibi ayinakumelana nokukanya kukaJesu. Masimdedele akanye ezimpilweni zetu ngokupelele akusoze kwabako mimoya emibi eyosikataza.

UJesu wayalela lemimoya emibi ukuba ikulume ngegama lake Yona yab'imazi kahle ingani abantu nje babengamazi. Waengafuni ukuba amenyezelwe umoya omubi ukuti uyindodana kaNkulunkulu waetanda ukuba abantu bezwe ukuti uyindodana kaNkulunkulu ngemisebenzi abambona eyenza nangenxa yokushumayela kwake nokuzibonela kwabo abantu yena. Akusiyo into eyinqaba yini le bakiti ukuba nSatan nezingilosi zake ezimbi ziyambona uJesu ukuti uyindodana kaNkulunkulu kepa noko kube kukona abantu okutiwa bafundile abalinga ukupika uNkulunkulu noJesu Kristu nokuti uJesu uyindodana kaNkulunkulu? Kuyakalisa ukuba noSatani ombala abe nokukolwa okudhlula okwabanye abantu.

13-19 Ukuketwa kwabayishumi nambili. Ekuqaliseni kukaJesu umsebenzi wake waevamise ukuba yedwa. Pela siyazi ukuti kona esaqalisa pansi zazimlandela izixuku. Kwakuhlala kukona idhlanzi elabe limlandela izindawo ngezindawo ngokubona amaqabuqabu. Babetokoziswa ukushumayela kwake kepa ikakulu babefuna ukubona izimangaliso. Emva kwokupa kwake ukudhla isixuku abanye babe sebemlandela betemba ukuba bapinde bapiwe ukudhla. Kwakukona idhlanzana lona elingahle libizwe ngabafundi ngoqobo. Kwakuyibo bonke labo ababengabalandeli bakaJesu ngempela. Laba-ke kwakuyibo laba abayishumi nambili, kanye nabatile besifazana abanye kubo esibuye sizwe ngabo.

Labo babangatatekile yizimangaliso zikaJesu kupela kepa babekangwa na ukushumayela kwake. NjengoPita babe bona ukuti amazwi ake aukupila okupakade. Bakolwa ukuti angahle abe nguMesia owab'ezakufika. Abaningi babe ngakagculiswa, kepa bengase bagculiswe, belungele ukukolwa uye ukuti unguMesia inxa ubufakazi obwaneleyo buvela. Kepa-ke, ngesikati esingemva kwalesi ekushumayeleni kwake, katisimbe onyakeni wesibili uJesu wabona kufanele ukuba akete iviyo elitile. Abalandeli bake beqiniso basebe baningi ukuba babengemlandele bonke lap'eya kona yonk'indawo. Kepa-ke waefuna ukuba abayingcosana bahambe naye kuko konke ukuhamba kwake, babone umsebenzi wake bamsize kwakudingayo. Ngako, 13-14,—"Wabiza abatandayo beza kuye. Wamisa abayishumi nambili ukuba bahambe naye, nokuba abatume bayoshumayela." Laba abaketiweyo abayishumi nambili, abaziwa ngokuti ngabaPostoli babe zaaba abafundi abaseduze nemfundiso entsha kaKristu Jesu. Ngamanye amazwi babe zaufunda imihla yonke esikoleni sokucaza iBhaibheli sika-Kristu umfundisi waso onguKristu naye uqobo abe engumQambi wemfundiso ezofundiswa. Babe zaubamba umqondo kaKristu ngoNkulunkulu noMbuso. Lab'abayishumi nambili beding'ukngcwaliswa bati swi yindaba yake nemfundiso bahogele umoya wake babe yibona basekeli abakula bake ukuze kuti lapo esemuka ewubeka pansi umsebenzi basale bewu ba. Esebaketile laba abayishumi nambili bahlala naye kwaze kwaba sekupeleni kwomsebenzi wake esiPambanweni kwati emva kwesiPambano, masiti ukuVuka, baba yizikuni zokwandisa umsebenzi wake, ngapandhle kukaJudas qwaba.

Kungabuzeka lapa ukuti, uJesu waemketelani uJudasi? UJesu akamketanga uJudas eqinisekile kahle ukuti uyauba ngumcaki. Naye uJudas esikatini lesi sokuketa waengaqondile neze ukucaka uJesu. UJudas waenako okutile okuhle, wab'ekwazi ukupata imali. UJesu, nakuba waebona ukuti akasiye umuntu opeleleyo, waewabona amacala ake, ukutanda imali, nokuzidhla &c. kodwa waetemba ukuti ngokuhlangana naye uyokwahlula ubutakataka bwake njengoPita owabunqobayo obwake. Kepa, ngesisila uJudas waqubekela pambili ebubini esikundhleni sobungcono. Kunjalo emabandhleni nanamhla. Singenisa ebandhleni abantu abatembisa okukulu baqubeke kahle isikashana bese kuti noma ibandhla lifudumele kanjani bona baye bequbeka beba babi baze babe ngoJudas nezinqoto. Isimilo sabantu siyakohlisa kakulu.

USatan uhlezi es'haqile njengesita esomele igazi. Inxa singaqapile njalo uyausenza oSatanyana. Inxa umuntu engalindi akuleke mihla yonke angahle masinyane apenduke. kade eyingelosi kaNkulunkulu abe yingelosi kaSatani.

NKULUNKULU SISIZE USIVIKELE KUBO BONKE UBUBI.

NgamaBandhla.

NGISACELA UKUPENDULA ULINDA.

Ku Mhleli we"LANGA."

Ngakutyela ukuti iBible aulazi. Uma niyalazi iBible ngaye kube nikugcwalisa konke okulotyiweyo. IChurch lelo alahlukene njengoba utsho, abayaziyo indaba yalo ukuti sebengapandhle kwenkolo yaba Postoli babuya bonke. Kwasala abangalaziyo iBible njengawe abati bayala bengalazi njengoba iloku udakaza izahluko zeBible epepeni ungalazi nokulazi uzibonisa ezweni ukuti uyalazi. Uyabona Linda iBible leli liyindhlela inye yabaPostoli abangabaBishop. Kepa nina senilicaza izindhlela eziningi ngokungalazi uma benilazi nakancane benizomvumela uRev. Mvuyana ngoba abelungu abanitsheli ukuti ekufikeni kwezwi likaNkulunkulu eNglande balibamba izwi lokuti uKrestu wamisa ibandhla lablinye basebeti bona iChurch of England. Nanike ubezonifundisa uMoya oyingcwele owehlela kubaPostoli bendawonye ngosuku lwePentikost uma nani nati ukuzwa nati iChurch of South Africa. Mina angitsho ukuti yizani kwelakiti iBandhla ngikuluma ngamaqiniso aseBibleni, ubunye obwashiwo uJesu. "UNkulunkulu akangeni lapa kwahlu kenwe kona. Uti wena sonke asivumele wena ukuti amaNgisi ahlubuka eRoma? AmaNgisi akazange akonze eRome ukuze ahlubuke esehlubuka nenkolo. Akavumanga ukubuswa yimiteto yamaRoma esezweni lawo. Into amaNgisi ayiyela eRome yimfundo kupela. Wona kawenzanga njengani nina enivuma ukwahlukaniswa ngezimiso zabantu kungesizo zeBible. Nina nikonze imiteto yabefundisi benu, bona abavumanga ukukonza imiteto kaPopo waseRome abapumanga eRome njengoba utsho wena, kanti eqinisweni okuyona nkolo eyabaPostoli abayishumi nambili obekufuneka nani nisusele kuyo okuyisona sibusiso osipikayo wena, engiti amaNgisi asitola lapo. Uma bengasitolanga isibusiso amakosi bawagcoba nganike? Uti wena bawagcotyelwa amaRoma? Noma pela kambe inkosi yakona uHenry yona ngoba ifune ukubulala umkayo iganwe omunye, akusisusanga isibusiso ngoba abaBishop baye sebekona bamaNgisi. Yingakoke engiti abasitshiyanga emva bagijimela ukwahlukana njengani, nedusa abantu eqinisweni likaKristu. Noma enibeka emkondweni uCongress aniboni. Izahluko lezo oti wena angizifunde ngiti nibedusa ngazo abantu, nibacazela ngokunye nitshiye iqiniso. Lezo zahluko uti angizifundele bani? Uma ulazi iBible ungangityelanje izipo zikaNkulunkulu ezisikombisa ukuti ziyini? Ngiyabona ukuti nina nidelela amandhla abaPostoli inkosi eyati ababekona mabanikezelane amandhla njalo yiloku kwasuka endulo. Ninake niti umuntu uyazitatela nje enganikiwe. Ayanikwana, anibabuzi ngani labo abanifundisa iBible ukuti niwenzelani po amabandhla ahlukeneyo loku iBible liti uKristu wamisa ibandhla laba linye njena? Yini imfundiso ingabi eyabaPostoli kuwo wonke umhlaba na? Utike uyalazi iBible? Hlala pansi. Funda kuJakob 4, sonke. Ngitetelele Mhleli ngingaqedi indawo yako.

NORMAN MDHLETYE.

Imfolozi Emnyama,
Zululand.

SIND'EKUHLINZWENI.

Uyazi ukuti inkolisa yabati baguliswa yiAppendicitis kusuke kulavuzela amatumbu kwenziwa ukusonkeleka? Izinhlamvana zikaChamberlain zelapa ukusongeleka ngisho sekukudala. Ake uzilinge. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.

UMUNTU KAFI APELE.

(NGU M. M. FUZE.)

Ngangite-ke encwadini yami ka "SAPUMAPI TINA?" Lengane esandukuzalwa, oyibona beyipete beyibuka beyifanisa naoyise kumbe oninakulu abangaseko, musa ukuti labo sebafa, uti ifana kanjani nalabo loku sebafa? Kumbe lengane ingomunye wabo labo oyifanisa nabo, usebuyisiwe, nguye lo oti wena ufana noSobanibani wakubo osewafa.

Uze uti-ke wena onengqondo enhle, ufunde law'amazwi ami qede, uyeke ukuti usawezwa ubese udaza izinkani nami, njengalabo abati ukwahlulwa ukuqonda, bagijime baze'kupikisana nami izinkani, ngiti noma sengiti ngiyabapendula bapikisane nami inkani yodwa, njengewa lona lingamlaleli noye dwa umuntu okuluma nalo, lit'ukusuka limlingise aze agcine ngokutula ayeke. Uze wena utate incwadi yomPostole omkulu (1 Cor. XV) ufunde yona. Futi mina angitsho ukuti angahle ati umuntu olalayo njengami nje, olala qede apupe ebona abantu nezinto nezindaba okuningininginingi njengaloku kwenza kimi, ati uba apapame ebutongweni anga b'esakubona loko, angitsho nakancane ukuti angahle alibale ukupikisana nami ngingesilo iliwa. Ngaloko-ke ngiyaninxusa nonke nina enifunda law'amazwi ami, ngiti, anoke niwafunde kahle niwahlolisise ningakalungeli ukulwa nokupikisana nami, aniti ningipendula nje besenikuqonde kahle konke engikutshoyo; kona nami ngiyakunipendula ngokujabula.

Ngetemba ukuti senikuzwile ke ukuma kwokwenziwa kwomzimba womuntu esipakati kwawo tina. Umhlaba, okugijima kuwo amanzi ezilwandhle nawemifula emikulu nemincane. Ilanga, eliy'inkosi yako konke okus'e mhlabeni, elihlumisayo, elibulalayo futi. Umoya opepetayo, owondhlayo futi, okukona ngawo konke okuzwayo.

III. Bona abakiti laba bas'endulo balitatapi izwi lokuti "umuntu kafi," kodwa uguquka inyoka na? Mina ngicabanga osongati balitola endabeni yokuti kwati mdhla abakwalsrael bekitshwa nguMoses ezweni las'Egipite wabakipa qede, bamgunyela abantu endhleleni, uNkulunkulu wabe esebaqubela izinyoka zabaluma; wabuya wala yela yena uMoses futi, wati kenze inyoka yetusi ayibhuxekele isipunzi esipakemeyo, ati olunyiweyo qede abheke yona leyonyoka ecwanekwe esipunzini, atole ukusinda ngaloko, noma elunywe kakulu kangakanani. Umuntu angemangale kakulu agaleyo'ndaba, ngoba endulo, singakehli ukuza kuleli, sises'eNyakato, izindaba zonke zetu imvama yazo, zazihlangene kakulu nalezi osekuvame namhla ukubizwa ngokuti ziy'inganekwane kumbe insumansumane; inganti ezinye kuzo y'izindaba ngempela ezazikona akusiyo insumo njengoba kutshiwo. Abakiti kambe batemba ngokute ngqi, ukuti, lo otshonileyo uti uba akwenze aguquke inyoka, ese izakusindisa abakubo abagulayo. Loko bakutemba ngangoba uti umuutu enenkomo inye zwi isengelwa abantwana bake, kuti kungayiwa esangomeni, uma sifike sanuka yona leyo'nkomo ukuti ibizwa ngabapansi, kodwa uma ihlatshwa ogulayo uzakusinda, kwenziwa njengaloko okubizwa ngumufi, iyahlatshwa masinyane leyo'nkomo. Iningi inganekwane yas'endulo ezekwayo, enye ing'amaqiniso. Kukona eningi yamazimuzimu ay'edhla abantu, enezinwele ezinde kakulu ezigcotshwa amafut'abantu, neyesilwane esikulukulu, esibizwa ngokuti "isiqugumadevu" ngenxa yobukulu baso, esasitumba abantwana babantu simuke nabo. Zombili lezo azisiwo amanga, ziy'izindaba eziqinisile; ngoba nanamhlanje isekona imisalela enga'minye yalabo ababedhla abantu, ikakulu yilaba baka Mndava ababe amazimu esasitumba abantwana babantu, niyababona nani kaloku ababetunjwa ng'amaPutukezi, sebebuya le eAmerika imvama yabo, lapo kwakuvame ukuyakutengisa ngabo kona; umkuba omubi owaza wanqatshwa nguQueen Victoria. Enye insumansumane ng'eyetshe lika-Ntunjambili, elalisiza bonke ababezaubulawa badhliwe ng'amazimu. Leyo ke igudhle indaba yokuwela kwabantwana bakaIsrael elwandhle olubomvu, okwati uba bawele ukaro wabalandela nempi yake ezaubabulala; kepa ngokusiza kukaNkulunkulu watuma uMoses ukuba apakamise isandhla akombe ulwandhle, ngaloko amanzi abuyela endaweni yawo, baminza bonke abas'eGipite. Enye futi inganekwane ng'eyentombi yenkosi eyabe iyakwendela kumntwana wenkosi; yati isendhleleni emfuleni, yahlangana nembulu, eyati uba ibone inkosazana ivunule ngokuhle kwobukosazana, yase iyinxusa iti, "Ake sitshelekane impahla esiyibhincileyo," kanti yenzela ukuko hlisa inkosazana, ukuba kube iyona eyakugana, kulowo'mntwana wenkosi okuyakugana kuye lenkosazana. Nebala imbulu yafika yagana, kepa inkosazana is'iyisituta nje, ikohliswe yilel'oqilika zana; okwahamba kwahamba baze basola abanye abantu balapo ekaya, bati "Inkosazana enjani yona le!" Kwasokumbiwa umsele omude ojulile, kwabekwa amasi pansi emseleni; kwatiwa makupume abantu bonke bas'ekaya bayekweqa kulow'omsele. Nempela beqa ngabanye kulowo'msele; nanso-ke nembulu leyo iti iyeqa. Po-ke, loku niyazi nonke ukuti imbulu itanda kakulu amasi, lapa iti iyeqa yakangwa amasi pansi emseleni, ngaloko awabe usabuza umsila waponseka kona emasini; base abantu beyiqambake njalo ngayo leyo'nkati inganekwane, beti "Hau! Isilwane sahle seza'kukohlisa umntwana wenkosi!" Nako ke, loku kukona okukugudhlayo. Kukona nezinye ezinsingi ezinjalo ezixoxwa ngakusihlwa, ngoba akuvunywa ukuba zixoxwe emini, funa umuntu oyizekayo amile izimpondo.

Osola uMr. A. W. G. Champion.

(NGU MALUMA EPOZISA.)

Ku Mhleli we"Langa"

Mngane,—Ngala ukuba oSissie benekwe epepeni, njengoba omunye eseshilo ukuti uma benenkani yeselesele (frog) angatshela sonke isizwe kona katesi! Tolani, nani Mr. M Nkuku musani ukuloku nekeme nanka amanto mbazana egazi lenu ezokwenekelwa iBandhla eliwaqomisayo; nanka amakosikazi akwaZulu kutiwa angonoMagende (Izitshatsha), ezeqe kwabakwa Mnanni, kona lapo ngakini eLower Tugela, esishaya izinkomo tina lapa kwaGqiza, kanti sizishayela onoMokobaseLower Tugela. Nawe-ke Miss V. S. Makanya, sale, uwuhlaba inhlali ngoba naku sesibona ubizwa "uqude manikiniki" epepeni kanti kulapo tina singamka izinqumu ezine (four pieces) ngawe! Pho ke, sisayotini loku sekuzwakele ukuti ushaya ihau lembuzi nje aufanele. Tula Sissie kungaze kuqume iKlontshisi olizwayo ukuti lide, liquma kuVictoria Street, eMatsheni, lapo eDurban

Yebo ke, Mr Champion siyabonga ukuqonda ngezifundiswakazi zakini eLower Tugela owazalelwa kuzo (High class of educated people) ukuti endaweni yokuba zilikupule igama lendawo, zesuke zalehlisa njengawe wehlisa uMiss Makanya endaweni yokuba umkupule. UMiss Makanya wayengazikulumeli yena yedwa; njengawe, ukulumela i"Zulu Society" auzikulumeli wena wedwa, uvusa uHlanga; nayeke ukulumela isifazane sonke sezintombi noma wena ususikombisa ukuti usefikile kwa"Ngqingetshe" uma ek'ati lekete! Amakulukutu (character) ake sizowabona lapa epepeni njengeSaziso (Notice) esise"Langeni" likaJanuary 18, 1918. Kanti i"Langa" elokudalula aoMisses baseLower Tugela noMiss V. S. Makanya na? Nezintombi zaseLower Tugela ezendela kwaZulu na?

Imizwa Nokudingeka Ukwenziwa Kuyo.

Asicabangi uma imizwa yetu ihamba kahle ukuti konje loku kwenziwa yini, kodwa siye sikumbule uma ku ukuti sifuna uma sizisize sekufikile ngaleso sikati. Noma ungaya kumupi uDotela uyokutshela ukuti uma ungapili ngohlobo olunjalo kwenziwa igazi lako ngoba alisalungile. Ehe kuyobonakala ukuti amaPink Pills kaDr. Williams angumlungisi wegazi nemizwa yako ibuhlungu ngoba ayitoli gazi elaneleyo ukuba ilitole. AmaPills kaDr. Williams aka imizwa anike negazi elanele futi kuyona, aginise aqede nobuhlungu.

Ngokugcina igazi lilihle ngokuginga amaPink Pills kaDr Williams kwenza ukuba emizweni kuqine kupume negazi elibi elikade likona. Kubantwana ama Pink Pills kaDr. Williams avimbela ukuduma kwesisu.

Qalake ukuqinisa imizwa yako namhla. Namupi umtengisi uyokunika umuti uma utanda ukutumela kwaDr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town. Ibhodhlela lilinye libiza 3s. 3d. eyisitupa abiza 17s.

Ku Mhleli we"LANGA"

Mngane,—Ngicela epepeni lako elidumileyo ukuba ungivumele ngifake amazwana amafushane. Ngibone epepeni leLanga emazwini akulunywa umfundisi Butelezi eti ikona efike enkolweni yeqiniso iAfrican Cong. Church. Uti tina Zulu Cong Church sikonza umuntu ngoba uZulu yigama lomuntu. Mina ngiti kuloko kusho kwako ukuti uZulu umuntu iBible iyakucita ngoba uyalazi ibizo layo lokuti Zulu Bible. Ake wesule leli igama lokuti Zulu Bible ufake iAfrican Bible anduba sikulume nawe. Indaba lena isepepeni lika Dec. 21 1917. Kungako ngiti ake ubonise iBandhla okade ukulona, noma kade useChurch of England noma kade useAmerican Zulu Mission sicazele.

Umfundisi owangi pehlelela nguRev. D Harris. Nawe ke ake usho owako Mina ngenkolo angisoli luto kumfundisi uze ubapikise labo bangane bako Butelezi abati uZulu angangena kaAfrican. Ca, noAfrican kuhle nje ande naye asoze atshelwa muntu indhlela yokugoduka yokuya ekaya.

Yimina,
S. B. KUMALO.

UMUTI OJOJA

UMTAKATI

Wenziwe kuhloswe yena umtakati, ukuba umkipe kubantu. Umuti weNyongo wokuqala kweke yenziwa, uqeda yonke inkatazo yesibindi, kipa ukungcola esibindini sako.

Igabha lawo utunyelwa nge posi 1/9, amagabha amatatu 4/6.

Tumelani iPostal Orders ku Mr. A. H. TODD, Umkemesi, RED HILL, Natal.

WUBEKE EDUZE.

Kudingeka umuntu asheshe aziputume inxa ehlambulula. Umuti kaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula kusweleka uhlale useduze. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Izinduna Ezinohluzi.

UZAM-BUK WAHLANGULA UKUVUMBUKA OKUBUHLUNGU

Ingozi enkulu yokwenwaya nokudebekisela izinduna kugcizelelwa ubufakazi obubekwe lapa ngapansi. UMr. A. W. J. Atkinson, wase Willow Dam, Bultfontein, O.F.S., uti:—

"Indunyana embana inohluzi esicongweni sayo yavela kimi. Ngasuka ngayisusa ngokwenwaya kanti sekuzovela eziningi ezati zanda kakulu Dukuduku isifo saba ukuvumbuka okubuhlungu okwakuluma kakulu. Ngafaka amakatakata amaningi, kepa nelilodwa elaveza ikefu ingan imvama yawo ayequbela pambili ukubaba.

"Omunye wamadodana ami wase engipa uZam-Buk engagcoba kahle ngawo ingalo yami UZam-Buk wahle wati, esati nje wadambisa wapozisa masinyane, Ngokugcoba uZam-Buk njalo ukuvumbuka kwahlanguka, ngase ngiyapumula kulesosifo.

"Sengilinge zonke izinhlobo-nhlobo zezigcobo ngaleminyaka engamashumi mahlanu (50 years) edhlulileyo, kepa akuko luto olulingana noZam-Buk, yena oyisigcobo esimi sodwanje.

UZam Bukuwumelapi omuhle wokuba uhlale uvubekile inxa uhamb'izwe noma usendhle. Wetembekile futi uyaputuma."

Yonke imizi kusweleke ihlale inedosha likaZam-Buk. Lesisigcobo esihle kangaka singumuti ongaze ngashaya pansi ezilondeni. nezangemva naozozo, nomuna, nebulawo, nomcobo ko, nezixixayo, nomzimba, namaqakala agulayo nezandhla ezibuhlungu, nokusha nokuklejwa, nokusikwa, nokuputuluzeka, nesihlungu, nezilonda zekanda nezingane nokwenyela nokuqa qamba kwamatumba. UZam-Buk utolakala kubo bonke abatengisi bezitolo nomKemisi ngo 1s. 6d. noma 3s. 9d. ngedosha. Isitolo esikulu sase South Africa. No. 9, Long Street, Cape Town.

Ikwaya kaDube eCroesus eGoli.

Baba ake usize ufake nanka amagamana am'balwa. Ngomhla kaJanuary 14, 1918 besihanjelwe amakwaya akwa Dube omabili elamapimbo nelemitshingo. Hau, yebo bayacula labantwana bakwaDube. Batsho qede umuntu wati, Yeka uyadela owazi onina babo labantwana. Kepa bona bakala ngogubhu (organ). Kepa kitina kwaba mnandi lungeko ugumbhu lolo. Ama xilongo awabanga esanakwa umuntu neze. Kwakula abacula ngepimbo, Izintokazi zakona zitshaya isicatulo abati ezoMtembu nawoGoba. Nensizwa yakona abati umfo kaSabela: Hai; sabona into eyisimanga, qiniso. Tina baseCroesus besiqala ukuze sihanjelwe ikwaya kaDube edume kangaka. Kodwa izaba sazenza nanxa si umuzi omncane kangaka. Nayo lekwaya ngiyatemba ukuti ayisoze yapinda isikohlwe uma ikona lapa eJozi Abantu baseCroesus bayenza uqobo imizamo ngitsho nobhincayo uqobo ongo wakwaZulu waswela yona. Singekulume ngabanhloko zilukuni bona kuti kudonswa inqola kuyiwa pambili bona babe bedonsela emva. Kanti nabo bayatanda ukumukisa abantwana babo esikoleni sikaDube. Mhlaumbe okanye nabafowabo bebefunda kona kwaDube. Haike nje asisho luto ngalabo; ngoba nongamtandi okaDube woze amtande ngiqinisile. Tina baseCroesus siyababonga kakulu bonke ababekona ikakulu lababazalwane abamagama angezansi abanceda nangotiki kwaze kwatolakala nento yokufa kwa emonyeni Ao:—

Charlie Makatini 1s.
Phiness Siwela 1s.
Freddy Mtetwa 1s.
Mtiwenyanga 1s.
Ngqamngqamana 1s.
Enoch Nene 6d
W. D. Cele 1s.
Isaac Mazibe 1s.
Rich Dube 1s.
Induna yamashangane 1s.
Charlie Majozi 6d.
Alfred Vilakazi 6d.
Jack Gumede 6d.
Nalamapoyisa akiti womatatu
Wm. Mnomiya 6d.
Simon Sikakane 6d.
Tom Ngubane 6d.

Sitike songati labazalwane bangedi nwe ukulungiselela uDube ongumlu ngiseleli nomkulumeli wetu. Siyetemba ukuti nemali yecala likaDube noMuhle izobonakala kona lapa eLangeni laseNatal. Ngoba pela uma nginga posisi nati sayikipa ngoNovember 1918.

Salakahle baba
Yimi,
OWAKONA.

IZINCWADI! IZINCWADI!

AmaBhaibhele NamaCulo eziNkonzo zonke neziNgoma ZamaChoir zitengiswa lapa ngu ——

F. M. CELE,
ABANTU BOOK-SELLER,
Native Market, Victoria Street,
DURBAN, NATAL

INKUNZI YOMUTI.

Oka Chamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula kawuquli enkwantshwini yentungwa nokweleka nazo zonke izinhlungu zamatumbu. Ukuwupuza kanye kunika ikefu, okwesibile akuvami ukube kusadingeka ukupotula. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ubufakazi boqobo

bavela eKrugersdorp bomunye osindisiwe nya ngama

Pilisi aka Keating Esinye Nezinso.

UThomas Davis ipisi e'kula dazi-way ... ufakiso wake ongapezulu ... uti:—

75 Berger Street,

"Bengane,—Kade ngigula ISIKATI ESIDE yisifo sezinso esingihlaba ngiye kuzingela eKalahari. Ngalinga imiti eminingi eshwoyo ... ngatola kefu. Ngaze ngayelelwa ukuba ... PILISI KEATING ESINYE NEZINSO ngiyatokozake ukuti sengipilile nya."

"Inxa ufuna lokuzulazela ... ufakoze ngako ang'ali ukuba kuhlekowase, ngoba ngitekoza kakulu ... nokukuteza nobani ongahle ... nesisila njengami ngingakelashwa amaPilisi ...

Nomzimba wonke wami usumnandi ngokunye, ngiyayincoma kakulu ... yako kubo konke abagulisiwa yizinso.

Ng'owako.

(Sgd.) T DAVIS.

Izincwadi Ezicakayo

Ungahle ukukombe kalula lapo kubutakataka kona okucakayo okunjengokutolutulute udene, ube nenzululwane ushone umzimba pansi ... uzwa ungafisi luto kwesisezansi; ukudodoza kwenhliziyo nokudumba ... emehlweni; ubuso bugqunqe ukuba nozwela namato amabi nokusonkeleka nobuhlungu emehlombe nasemhlane, ... lokufa ... ngoti ... lukayo nokungabi namkamkama waluto lomhlaba. Nayo imvelo iyakuxwayisa ngomcamo ote kla. Kwenye inkati unzshe ... tubu udungeke ikakulu inxa unomkuhlane noma uzwele amakaza. Imikuhlane igeweie ingozi ingabo dele lwa; awadhleli kuMalaria nembo

AmaPilisi ka Keating Esinye Nezinso.

AMACWECWE KA KEATING

(ABE SIFAZANE BODWA)

Enza igazi elibi lireze fati apa ... bili eziwoni zokngcebi ngazi, Ukqumba, Ukuqayeki kwekudla, Ikanda, ubuTakataka, Ukungezwa, ... uDangala, ubuhlungu olukalo obuwisayo, ukengalungi kwesizalo ezikutini, isiNxi, ubub'ubebala, ukuqqumba kwamazinyo, uvalo, ukungafiki ngesikati ngemyanga yako. Anamandhla, adhlula yonke imiti yokuqinisa nokuvusa umzimba wonke womuntu wezifazane. Ngapandhle kwendhleko zeposi abiza 3/3 ngeBhodhlela eyisitupa 18/, kuti ... e. Utengiswa ... onke amaKemisi ... pambili neZitolo

AMAPILISI KA KEATING ESISU NESIBINDI.

(ABESILISA NESIFAZANE)

Asusa konke okuhlupa iSisu naMatumbu ukusongeleka nokuqumba, Isilungulela, ukuhlanza, umoya esiswini, Umtakati, Ukulunywa isisu, ubuhlanga emtunjini, ikanda, ukungamukumeya, ubuhlungu eceleni, nazo zonke izinhlupo ezibangwa ukungalungi kwe ... ngoba ... uba. Avuse imisha yokugaya ukuze ... ukudhla ... nezenzeyelo.

Lamapilisi ... yo asiza ... kugaya kokudhla ... ze ... negazi. Angepezi ... kwawo. Asusa ukufa esoh'umilile, nokupelelwa ngamandhla, nokucobeka kwobutakataka.

Aq ... su, ... ayisesim ... ngaseshenziyo, akuko mapilisi ... Keating ... kahle. ... ingalilanlwa iposi 1/6, iBokisi ...

Atolakala kwaLennon, Ltd., Parsons, Ltd., Sive Bros. no Karnovsky, The Transvaal Drug Co., Heynes Mathew, Ltd., James Moore, Gardiner & Co., Stranack & Williams nakubo bonke omkemi abapambili kulelizwe noma kona ngqo kubanini ngo3s. 3d. ngegabha ... ngo 18s.). AmaPILISI ka KEATING esibindi neSISU okusonkeleka ... zonke izifo zesisu ahamba namaPilisi EZINSO NESINYE Awe ... 1s. 6d ngedosha (ayisitupa 8s)

Belesela ukutola akaKeating ung ... ngelo.

KEATING'S MEDICINES LTD.,
Dept ... 41, Cape Town

KWA

M. MAMOOJEE

378, PINE STREET, DURBAN.

(Maqe dana nomshini wakwa P. Davis & Sons Ltd.)

ISITOLO ESISHIPE KUN ZO ZONKE ETEKWINI.

WOZANI NIZOBONA LEZIZIMPAHLA.

YONKE IMPAHLA INTSHA — YONKE IBETO.

Amahcubo amadodá, amahemke ... Tennis, Otayi namaSokisi ezinhlobo zonke, Izicatulo ezimnyama nezibomvu, nezokudansa namaSilipuza Izingubo zesilisa esezatengwa, ezangapakati, amaSadi eIndian Drill, amahlope namaBhulakwe, amaRug okuhamba nezingubo zekwembata neziKafu, izimpahli zeFlaneli nezikaVolo zenhlobo zonke, eCalico amashidi, izimbozo zembhede, namaTowel etc., Izigqoko zamadoda ... afana nensada yempahla yokuhloba, amaClock namaWatch, nemimese yaze zonke izinhlobo, amaBrush ezinhlobo zonke, nezikaSilika ezivela eMpamalanga, namaka ezinyanga zawo, inSipo, eyandileyo neyokuqola, yonke impahla yokugeza nezimPupu iziPeneti zokuhloba zaoTayi, amaKamu, namaBrush nokokufaka emakanda, izinsimbi (okehlekahle) neziBani nempahla yamasondo (Bicycle).

IMISUKO.

Sineketelo nezindwangu zamaSudi emilala ehlab'umxwele nemisiko esingahle siyitunge ngokushesha ngestyle sokugcina. Siyagabela ngokumfanela kwazo umuntu.

NANTI IKEBI:

M. MAMOOJEE, 378 PINE STREET, DURBAN.

Kuvulwa kuze kube ngu 10 ngolweSihlanu kusihlwa.